

IZINTO EZINGU 15 EZIBALIMAZAYO ABAZALWANE UMA ZENZIWA UMHOLI WEBANDLA

1. Kuyalimaza nje ukuthi umholi angabi nazo nhlobo izimpawu zokuthi uphendukile, uyashumayela yena kodwa izenzo zakhe zonke ezomuntu ongakholwa.
2. Kuyabalimaza futhi abazalwane ukuba nomholi ohlulwa ukugcina isikhathi ofika lethi njalo.
3. Kuyabalimaza futhi nokuba nomholi ongabongi, ongancomi ohlale ebona amaphutha njalo.
4. Kuyabalimaza futhi ukuba nomholi ongene shi ezindabeni zokuxabana kwabazalwane, abanye uyabavuna abanye akabafuni.
5. Kuyabalimaza nokuzwa igama lomholi lithinteka Ezintweni zobugebengu nakumacala athize.
6. Kuyabalimaza futhi ukungacaci ukuthi izimali Abazikhokhayo zenzani futhi ziphelelaphi.
7. Nokungabi nayo indawo yokukhonzela (Indlu Yesonto) okungeyabo kuyabalimaza.
8. Kuyabalimaza futhi ukuba nomholi ongenayo inhliziyo Yokugona abafundisi nabazalwane, ibandla lidinga umholi onezandla ezivulekile nezifudumele, ongabahluleli abantu ngamaphutha abo - ***AbaseRoma 14:1 and Galathiya 6:2.***
9. Kuyabalimaza ukuba nomholi oyivila ohlale ethumela abantu abazommela njalo angafiki yena

- 1 O. Kuyabalimaza nokuba nomholi oyinuku ongazithandi Ohlale engcolile njalo. Bangaziqhenya kanjani ngawe uma unje? Kuyasehlisa isithunzi sakho.
11. Kuyabalimaza nokuphapha kwakho uncokole kuze Kweqe, usebenzise amagama ayinhlamba uze uthinte nezindawo okungafanele uzithinte. Kuyasehlisa isithunzi sakho.
12. Kuyabalimaza nje nokuzwa ukuthi kukhona Obashelayo noma osuthandana nabo, khona kubazalwane bakho. Kuyasehlisa isithunzi sakho.
13. Kuyabalimaza nokuzwa ukuthi umhoH wabo uyaphuza Kuzwakala nephunga likatshwala nelikagwayi. Kuyabaphoxa kakhulu. Kuyasehlisa isithunzi sakho.
14. Ukungabi khona kwezidingo zebandla ezifana Namathikithi nezitifiketi zombhabhadiso nokunye Kuyasehlisa isithunzi sebandla.
15. Ukuzwakala kwezindaba zokuthi uxabene nomndeni awusekho ekhaya noma uyadivoza, sebesonta kwelinye ibandla usuhamba wedvte. nje, kuveza isithombe esimbi kubazalwane, futhi kwenza abantu bangakwethembi.

UMSEBENZI / HOME WORK

In one page discuss the Good relationship between The Church Leader and The Church.

Bhala kugcwate tpheji uchaze ngokubudlelwane obuhle phakathi kwe Bhishobhi nebandla.

1ZINTO EZINCANE NJE EZIBAUMAZAYO ABAZALWANE UMA ZENZIWA UMAMA WEBANDLA

1. UKUKHETHA ABAZALWANE - JAKOBE 2:1

Kuyabalimaza abazalwane ukubona umama wabo engabathandi bonke ngokulinganayo, abanye uyabagona abanye akabafuni.

Kuyabalimaza abazalwane ukubona umama kunguyena obadlula bonke ngokulova enkonzweni.

3. ISIKHWELE SIVALICHITHA IBANDLA

Kuyabalimaza abazalwane ukwazi ukuthi umama akabathembi usola ukuthi bazomthathela indoda yakhe.

4. UKUKHULUMA IZINDABA - AMAHUBO 34:14

Kuyabalimaza abazalwane ukubona umama ephakathi ezindabeni zokuxabana kwabo, nokuzwa izinto ezimbi azikhulumayo ngabanye abazalwane.

5. UUMi LUVAUCHITHA IBANDLA- AMAHUBO 34:13

Kulimaza kanjani ukuzwa ukuthi kukhona asebeze baphuma ebandleni ngenxa yoliini lukaMama elwa ebathuka ebaxosha ebandleni- **Izaga 18:21.**

6. UKUTHANDA IZWE - 1* JOHAN 2:15-17

Kuyabalimaza abazalwane ukubona umama eggoka ngokungazihloniphi, qaphela irito ezikwéhliisa isithunzi.

7. UKUBA BHIZI KAKHULU NEZINTO ZAKHO

Kuyalimaza ukuba nomama webandla ophakjeme ozazisayo ongenaso isikhathi sokugona abazalwane.

8. UKUNOAVIHLONIPHI INDODA

Kuyalimaza nokubona umama othethayo njalo engamhloniphi umfundisi ekhuluma noma ikanjani naphambi kwebandla - **Izaga 21: 19.**

9. UKULINVAZWA tZINTO EZINCANE

Kuba kubi kanjani uma umama sekunguye odubayo, usediniwe akasayi enkonzweni sekufanele ayoncengwa manje.

10. UKUNCAHLONIPHI »PULPITI

Njalo uma unenkinga uzwakala usuyisho e "Pulpiti: uyathetha, uya complainer kubona wonke umuntu ukuthi kukhona olwa naye, kuyalilimaza ibandla uma njalo uzokhiphela ukudinwa nokulimala kwakho kubona .